**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU ENKONZWENI YESIKHUMBUZO EVRYHEID NGOLWESINE MHLAKA 01 JUNE 2010**

**Mphathi wohlelo malume wezingane;**
**IMeya yaseZululand uMphephethe;**
**INkosi yaKwangenetsheni uMageba;**
**INhloko yoMnyango uHlabisa;**
**Abefundisi uZwide osivulele ngomthandazo;**
**NoShandu osiphathele inkonzo;**
**Imindeni engosingaye lapha;**
**Abezindaba;**
**Umphakathi wonke;**
**Ngiyanibingelela.**

Ngiqale ukwazi ngale ngozi ngolwesiBili ebusuku njengoba yona beyenzeke emini ngalelo langa. Ngibe sengixhumana naboMnyango ukuze sihlele ukuzobheka isimo ngolwesiThathu sihlanganise amakhanda nemindeni eshonelwe sibone nabalimele esibhedlela.

Ngenxa yokuthi bese lihambile isonto sibe sesithi sizohlela inkonzo yesikhumbuzo namhlanje noma ngabe kukhona asebengcwatshiwe ngoba phela izinto zidinga isikhathi. Yingakho-ke namhlanje sesizobhonga emswanini nje sithi njengoMnyango noHulumeni jikelele sizwa ubuhlungu ngokwenzeke kule ndawo.

Kodwa siyazi futhi ukuthi amalungu emindeni esizowaduduza yiwona asenkingeni enkulu ngoba kuwona kufana nokuthi kuxebuke inyama. Siyazi ukuthi sikwenza lokhu njengosiko lwethu eMnyangweni nakuHulumeni ukuba silekelele abantu bakithi uma besabhekene nesikhathi esinzima kanjena. Kodwa okusempeleni awekho amagama nempahla okungavala isikhala somuntu ekhaya.

Ngakho-ke izimo ezinjengalezi zenza sihlale sizibuza ukuthi ngempela kanti kwakhala nyonini emigwaqeni yethu. Zenza sizibuze ukuthi kanti yini okumele yenziwe futhi yenziwe ngubani? Siyazibuza ukuthi kungani sithi singuHulumeni sizama ngokusemandleni ukuletha impilo engcono kubantu basemakhaya ngentuthuko, kodwa kujike kuchitheke izimali nesikhathi ngenkathi sesibhekene nomphumela wezingozi zomgwaqo iningi lazo ezenziwa ngamabomu ngabantu abangafuni ukulalela. Kuyoze kube ikangaki sihlangana ngalolu hlobo ngenxa yephutha lomuntu?

Ngiyazi ukuthi uphenyo ngembangela yengozi lusaqhubela kanti nodaba lomshayeli weloli selusenkantolo. Kodwa noma ngabe uthini umphumela wophenyo necala, ingozi ibingeke yenzeke ngaphandle kokuthi kubekhona onephutha emgwaqeni noma ngokungaqikeleli isimo semoto.
Okunye okuphathisa ikhanda ngalokhu yimibiko evezwe ngamaphoyisa omgwaqo ukuthi zombili izimoto bezikade zimisiwe ukuhamba emgwqeni.

Amaphutha esiwenzayo singabantu ukuthi sicabange ukuthi uHulumeni uyacindezela ngokukhipha izimoto ezingekho esimweni sokuba semgwaqeni. Uma imoto isiyenza ingozi sekuvalwa ngehlahla, kube sengathi uyena futhi uHulumeni ongenzi okwenele ukuphephisa izimpilo zabasebenzisa umgwaqo. Kokunye kuba yibona abagibeli abakhala ngokuthi amaphoyisa ayabaphazamisa abalibazise kanti akwenza lokho egameni labo.

Ngokombiko okhona le ngozi yenzeke ngenkathi iloli lakwa-Crossmow Transport litholana phezulu netekisi emgwaqeni u-P49-1 endaweni yakwaNgenetsheni. Iloli belithwele amanzi liwayisa eNgome lapho le nkampani inikwe nguMasipala waseZululand umsebenzi wokuphakela amanzi khona. Itekisi belithwele abantu bakwaNgenetsheni libayisa edolobheni eVryheid.

Kusolakala ukuthi umshayeli weloli wehlulekile ukuyilawula wazithela etekisini ebeselimile ngenxa yokuthi umgwaqo ukakwe ngamawa ingekho indawo yokugudluka. Bangu-11 abantu abashone endaweni yesehlakalo, kwathi oyedwa washona efika esibhedlela okwenze baba ngu-12 sebebonke. Abangu-9 bathuthelwe esibhedlela saseVryheid , abathathu badedelwa ngalelo langa kanti abahlanu abebelimele kakhulu balalisiwe esibhedlela, omunye wadluliselwa esibhedlela saseNewcastle.

Kuyadabukisa ukuthi ingane yomfana ebinezinyanga ezintathu u-Amukelo Masuku esambona esibhedlela ngolwesiThathu kwathiwa isindiswe ukukhishwa ngewindi ngunina yena owashona kule ngozi, naye ugcine eshonile ngeSonto osekwenza sinyukele ku-13 manje isibalo sabashonile.

Nakuba kunzima kodwa mangithathe leli thuba ngithi egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal sifisa ukududuza imindeni yalaba:

| Name and Surname | Gender | Age |
|---|---|---|
| 1. Thandiswa Nkosi | Female | 26 |
| 2. Andile Nkosi/ Mthethwa | Male | 03 |
| 3. Sindiswa Nkosi/ Buthelezi | Female | 49 |
| 4. Thoko Masuku | Female | 24 |
| 5. Sizakele Masuku/ Maphanga | Female | 38 |
| 6.Amkelo Masuku(Thokos Child) | Male | 03 mnts |
| 7. Ayabonga Masuku | Male | 06 mnts |

| | | |
|---|---|---|
| 8. Mduduzi Nsibande/Zondo | Male | 28 |
| 9. Nqobile Hlatshwayo | Female | 17 |
| 10. Sbonelo Hlatshwayo | Male | 6mnts |
| 11. Nkosiyazi Hlatshwayo | Male | 15 |
| 12.Caroline Sibisi | Female | 57 |
| 13. Anele Gamede | Female | 18 |

Sifisela nabalimele abaselashwa ukuthi mabalulame ngokushesha.

Mangiphethe ngokubonga ukubambisana okubekhona phakathi kukaHulumeni ezingeni lesifundazwe nelikaHulumeni waseKhaya ukuqinisekisa ukuthi abantu bathola ukulekelelwa ngesikhathi esinzima. Nomsebenzi owenziwe inkampani yakwa-Crossmow siwuyabonga kakhulu.

Kuyacaca ukuthi izwile uma siyiphonsela inselelo ukuthi noma ngabe kusaphenywa ngembangela yengozi kodwa ngoba kuthinteka iloli layo kumele iveze ukuthi yona ingalekelela ngani ukuze nje abantu bakithi bangcwatshwe ngendlela enesizotha.

Okokugcina, nginxusa wonke umuntu olapha ukuba sithi uma siphuma lapha siqinisekise ukuthi siba ngamanxusa ezokuphepha emgwaqeni sikhulume nasemakhaya emindenini ukuze wonke umuntu abambe iqhaza ekuphepheni emgwaqeni.

**Ngiyabonga**